AMAZWIBELANDABA ESI-6


UMANDULO WEZI-2025

# DECART

Designing higher Education Curricula for Agility, Resilience &Transformation

www.decartproject.eu

European Commission




## Okuqukethwe

- Umhlangano Wephrojekthi #6 eVilnius University
- WP1 – Ukuhlelwa Kohlelozifundo
- WP2 – Ukufaneleka Kohlelozifundo
- WP3 – Uguquko Lohlelozifundo
- IPHE3 eVilnius University
- Inkuthazakwenza eŠiauliai: SUCRE Game for Crisis-Resilient Curriculum
- Ukwethulwa kweDECART Cup
- I-DECART igubha i- #ErasmusDay 2025 Emhlabeni jikelele
- Isikhumbuzo: Dr. Ir. Inggriani Liem
- Okushicilelwe

## Okumayelana ne-DECART

**Umsebenzi wocwaningo nokuqamba okusha i-DECART** kungumsebenzi owenziwa ngokubambisana emhlabeni jikelele oxhaswe yi-European Commission nge-ERASMUS+ programme (2022-1-FR01-KA220-HED-000087657). Lo msebenzi uhlanganisa izikhungo zemfundo ephakeme zase-France, Iceland, Indonesia, Lithuania, kanye naseNingizimu Afrika. Inhlosongqangi ukuhlinzeka ngomhlahlandlela wokudweba uhlelozifundo olusebenzisa izindlela zoguquko zohlelo lwezokufunda lwekhulunyaka lama-21 emikhakheni yezobunjiniyela nezamabhizinisi. Lo msebenzi uzohlonza izifanekiso zezobuholi ezikwazi ukulekelela ababambiqhaza kwezemfundo ukuba bakwazi ukubhekana nesimo esidlondlobalayo ngobunzima kwezenhlalomnotho.

- ## Umhlangano Wephrojekthi #6 eVilnius University




*Iqembu leDECART eVilnius University. Isithombe: Valentina Dagienė, CC BY-NC-SA licence*

Ngomhla ziyi-**7** kuya kumhla **ziyi–8 kuNtulikazi, wezi-2025**, iqembu elsebenza ngokubambisana leDECART libambe umhlangano e**Vilnius University** obekungumhlangano walo wokugcina wephrojekthi. Lo mhlangano obubanjwe ngendlela exubile ebukhoma nangobuchwepheshe uhlanganise ababambiqhaza ukuze kuphothulwe okufanele kwenziwe, ukuqinisekisa okuyizinkomba zokwenziwa kahle komsebenzi (KPIs), futhi kuzindlwe nezifundo ezifundiwe. Kwagxilwa kakhulu ekuqinisekiseni ukuthi konke okwenziwayo kuyaqhubeka futhi kudluliselwa kwabanye izinsiza, imidlalo, izindlelakwenza ezithuthukiswe kuzo zontathu zokwenza umsebenzi. Ababambiqhaza baphinde bahlela ngokuhlanganyela ibhukumbhalo lokugcina elisebenza njengenkomba ezikhungweni ezisebenzisa izinsiza zeDECART zohlelozifundo olugxile oguqukweni. Umhlangano wawuyinkomba yokuphothulwa kwephrojekthi nokudlulela kokuyikusasa elinomthelela.



*Umhlangano Wephrojekthi #6 eVU.Isithombe: Arlinta Barus & Eglė Jasutė, CC BY-NC-SA licence*

**Umhlangano wokugcina weDECART** uphinde wasebenza njengenkundla yokukhiqiza imibono ethathelwe kuWP1–WP3 yenziwe ibe "uchungezinsiza" oluxhumene lokuvuselelwa kabusha kohlelozifundo. Ngokugqugquzela ukwabelana ngemibono phakathi kwababambiqhaza basezikhungweni zemfundo ezihlukene, i**PM6** igxilise ukuqonda okufanayo kweqembu lababambiqhaza mayelana nokuthi ukuba lula, ukuqina kanye noguquko kungafakwa kanjani kwezemfundo ephakeme. Bekungesiso isiphetho nje kodwa bekuyisisekelo ekususelwa kuso ukusebenza okuqhubekayo kanye nokusatshalaliswa kwemimiphumela yeDECART.

Ababambiqhaza babe yingxenye yohambo oluhleliwe lwekhempasi enomlando yase**Vilnius University** – okungenye yamakhempasi amadala kakhulu eMpumalanga neYurophu, esungulwe ngonyala we-1579. Uhambo oluya emtapweni wolwazi, eCourtyard, nase-Astronomical Observatory

luhlinzeke ukuqonda ngesimo ngokwesiko okunothise kakhulu umhlangano futhi kwaxhumanisa izinhloso zeDECART ezibheke phambili nefa lezokufunda laseYurophu elinomlando ojulile.


## WP1 – Ukuhlelwa Kohlelozifundo

**WP1**, ebididiyelwe yi**Reykjavik University**, ibigxile ekuthuthisweni kwezinhlelozifundo eziqhakambisa i**VUCA** ezilulula nezinokuqamba kabusha. Lesi sigaba somsebenzi saqala ngokuhlola izinhlobonhlobo zezibonelo zezinhlelozifundo zasezikhungweni ezibambe iqhaza, lwabalulula lokho okuyizinselelo ezifanayo kanye namasu amasha okudwetshwa kwazo. Lokhu kwaba yisisekelo sohlaka lohleozifundo lweDECART oluhlangene.



*Iqembu leDECART livakashele emtapweni wolwazi omdala wasenyuvesi obizwa ngeOld Vilnius University library. Isithombe: Valentina Dagienė, CC BY-NC-SA licence*

I**Curriculum Design Canvas** iyinsiza ehlukanisa ukuhlelwa kohlelozifundo izingxenye eziyisishiyagalolunye : izinhloso, izindlela zokufundisa, ukuhlola, ukwakheka kohlelo, amakhono abalulekile asetshenziswa emikhakheni ehlukene, izidingo zokwamukelwa, ubungxube nokubandakanywa, izilimi, kanye nezindawo zokufundela. Ilekelela ekuhlelweni kokudwetshwa noma kokudwetshwa kabusha kwezinhlelo zokufunda ngokubambisana.




*Umdlalo wokudwetshwa koHlelozifundo. Photo: Haraldur Audunsson, CC BY-NC-SA licence*

Ukuze kwesekwe okwenziwayo (canvas), IWP1ithuthukise **imidlalo ebalulekile emibili yamakhadi** :

- **Umdlalo wezimo** we**VUCA**, wethula izimo ezibucayi ezifana nokuguquka kwesimo sezulu, ukuphazamiseka kwezobuchwepheshe, noma ukungabi nozinzo kwezombusazwe, okukhuthaza ukudlinza ngokungaba yiziphazamiso zohlelo;
- **Umdlalo Wokudwetshwa KoHlelozifundo**, uhola abafundisayo nabafundi ekwakheni kwabo izifaniso zezinhlelo ngokusebenzisa amakhadi ezibonelo ahambelana nezingxenye zokwenziwayo (canvas).

Lezi zinsiza zizikhombisile ukuthi zisebenza kahle kakhulu **ekuhlelweni kwezingxoxo ngohlelozifundo ezihlanganisa iningi** futhi zamukelwe ngokubanzi ngesikhathi kubanjwe izithangami ze-IPHE. IWP1 ibe seyihlela **isisekelo ngokomqondomsuka nangokwendlelakwenza** okuzosetshenziswa yizinsiza nezinhlelo ezithuthukiswe kamuva kuWP2 nakuWP3.

## IWP2 – Ukufaneleka Kohlelozifundo

**IWP2**, ebiholwa yi-**IMT Atlantique**, ibibhekene nombuzo wokuthi **kungathuthukiswa kanjani ukuqiniswa** kwezinhlelozifundo ezikhungweni zemfundo ephakeme.
Umphumela walokhu kube yi**SUCRE** (Serious Game for University Curriculum Resilience)—okungumdlalo wokulingisa oweseka amaqembu ezikhungo ekuthathweni kwezinqumo eziphusile ngesikhathi sezimo ezibucayi.
Umdlalo weSUCRE udlalwa ngokulandela amazinga amathathu alandelanayo:

1. **Ukuqonda Ngesimo** – ukuhlonza okungaba yiziphazamiso okwangaphandle kanye nobuthaka kwangaphakathi;
2. **Ukwedweba Isithombe Esibalula Ubungcuphe** – ukusebenzisa ukwakheka kwezikhungo ukuze kubonakale izindawo ezinobungcuphe obukhuilu;
3. **Ukuthuthukisa Amakhono Okuqhubekayo** – ukwakha izindlelakwenza eziqondene ngqo nokuthuthukiswa kokufaneleka.

Ukuze kuthuthukiswe ukukholakala, umdlalo uhlanganisa **amakhadi ama-ID asezikhungweni achazayo** kanye nezimo ezibucayo ezinhlobonhlobo. Okunye ukuthi, iWP yakhe insiza yokuhlonza izinkinga, esuselwe kuhlamibuzo oluqinisekisiwe, elekelela ngokuhlola ukufaneleka kohlelozifundo ngokusebenzisa izinkomba ngokwenani nokuzizindlela.
Okubalulekile ukuthi, **iWP2 yakha ngqo ngezinsiza zaku-WP1**, lapho isebenzisa khona okwenziwayo ngokohlelozifundo (canvas) nezimo zeVUCA njengokufakwayo emdlalweni wokulinganisa. Umdlalo weSUCRE wavivinywa amahlandla amahlanu okuhlola ukusebenza kahle kwawo futhi manje sewukulungele ukusetshenziswa ngokusabalele uma kwakhiwa uhlolosu, ukuhlola okwangaphakathi, kanye nokuyizindlela zokuqeqesha abasebenzi.

## IWP3 – Uguquko Lohlelozifundo

**IWP3**, iholwa yi**Nyuvesi YaKwaZulu-Natal (UKZN)**, ibhekane **namasu ezobuholi nezikhungo** adingekayo ukuze kuqale ukusebenza kwohlelozifundo olunoguquko ezimweni ezibucayi. Bekugxilwe ekuhlomiseni abangabaholi bezemfundo ukuba babe abahola uguquko ngendlela enokubambisana, ebandakanyayo futhi efanelekile.
Obekulindelekile okubalulekile kuhlanganisa nalokhu:

- **Umbiko iR31** ohlonza okuqhuba umsebenzi okubalulekile, okuyiziphazamiso, okuyizihibe oguqukweni kwezemfundo ephakeme;
- **Umbiko iR32** (ozayo) uhlaziya izinhlobo zobuholi nokwenziwayo okweseka uguquko;
- **Okuhlinzekwayo ngaphansi kukaR33**, okuhlanganisa izinkuthazakwenza zobuholi, izinsiza zokuxhumana nababambiqhaza, nohlaka olubonakalayo olubizwa nge**Curriculum Transformation Web**.

IWP3 igcizelele ukuqeqeshwa kwabantu ngokusebenzisa izinkuthazakwenza **ezinokubamba iqhaza kwabathamele** nezithangami zokuqeqesha lapho izinsiza ezifana ukubalula ababambiqhaza, ukuhlelwa kwezimo, kanye nokulingisa izikhundla zobuholi zisetshenziswa khona. Le misebenzi ilekelele abaholi bezikhungo nabafundisayo ukuba baqonde ngamazinga ezombusazwe, amasiko, kanye namazinga ezemizwa anomthelela kwezoguquko.

Okunye okubalulekile, iWP3 **icaphuna ohlelweni lokudwetshwa kohlelozifundo lwakuWP1** kanye nokungumphumela wokuhlola okwenziwe kuWP2 okulekelela ukwakhiwa kwezinsiza zakhona zokuqeqesha nokuhlela. Ngakho iWP3 imele **izinga lokwenza nobuholi** ngokwendlelakwenza yeDECART, okuhumusha okuyimibono kube okusetshenziswayo ngempela futhi okuwuguquko lwangempela esikhungweni.

## I-IPHE3 eVilnius University

Kusukela ngomhla we-**9 kuya kowe-10 kuNtulikazi, wezi-2025**, okwakulandela ngqo uMhlangano Wephrojekthi #6, iDECART yabamba nohlelo lwayo lwesithathu i**Intensive Programme for Higher Education** (IPHE3) e**Vilnius University's** kuFakhalthi yeFilosfi. Lo mcimbi wezinsuku ezimbili obubanjwe ngendlela engxube uhlanganise abafundisayo, abaholi bezinhlelo zokufunda, nabathuthukisi bezokufunda basemazweni ayi-10 basemanyuvesi aseNingizimu Afrika, eFrance, eGermany, e-Indinonesia, eLithuania kanye nase-Iceland ukuze bathole ukuqeqeshwa okuhlanganisa ukwenza okugxile ekuguqulweni kohlelozifundo, ukuxhumana nababambiqhaza kanye nokuthuthukiswa kobuholi.
Ukuqeqeshwa kwakugxile emiphumeleni yokufunda eyisisishiyagalombili, kusukela ekuqondeni ukuthi **"Yini, Ngoba, Ubani, Nini, Kephi, nokuthi Kanjani"** ngokoguquko lohlelozifundo ekuthuthukisweni kwezinsiza **zokuxhumana nababambiqhaza kanye nohlelosu lobuholi**. Izithangami ezihlelekile bezihlanganiswe okomqondomsuka kuhlangene nokwenziwayo okuxhumanisa injulalwazi nezinselelo zangempela.
Okunye obekwenziwa okubalulekile kuhlanganisa ukubalulwa kwababambiqhaza, ukuhlelela ukuxhumana, ukuhlola ukwakheka kobucayi bobuholi, nokudwetshwa kwezindlela zesikhungo zoguquko. I-IPHE3 isebenzise indlelakwenza yeDECART egcwele: i**WP1's Curriculum Canvas** nama**VUCA games**, i**WP2 SUCRE game** nezinsiza zokuhlola inkinga, kanye nezinsiza zika**WP3 zababambiqhaza, nezobuholi** ezokusebenza nokusetshenziswa kwazo.
Amandla akhethekile ohlelo kube **umoya walo onokwenza nokubambisana.** Ababambiqhaza basebenze ngamaqembu axube izikhungo, okukhuthaze ukuxhumana kwamasiko nokufunda kwabanye. Ukusetshenziswa kwezinsiza ezibonakalayo ezifana - nezithombe, inxanxathela yababambiqhaza, nokwenziwayo okusamidlalo – kunothise ukuxhumana futhi kwenza imiqondomisuka ejulile iqondakale kalula.




*Isithombe: Siegfried Rouvrais-Delahaie & Cecile Gerwel Proches, CC BY-NC-SA licence*

Ekupheleni kohlelo, ababambiqhaza babeka imibono yabo **mayelana nokuqonda kwabo okungcono nokuzethemba ekubhekaneni nezinhlelo zoguquko**, eikakhulukazi ezimweni ezibucayi noma ezingenasiqiniseko. Abaningi babike izinhloso zokusebenzisa nokufaka izinsiza zeDECART ezinhlelweni zabo zokubuyekeza uhlelozifundo, izinhlelo zokuqeqesha zangaphakathi, kanye nezithangami zokwakha uhlelosu.
**I-IPHE3** ayigcinanga ngokuqhakambisa ukuphothulwa kohlangothi lweDECART lokuqeqesha kodwa ikhombise ukuhlangana okugcwele kwemiphumela yeWP1, WP2, kanye neWP3ngendlela

esebenzayo yokuqeqeshela amakhono. Kusebenze njengokufakazela imiphumela yephrojekthi kanye nokuyisisekelo sokusetshenziswa emazweni ase-Europe, Africa, nase-Asia ngokwezikhungo zawo zemfundo epaheke.

- **Inkuthazakwenza eŠiauliai: SUCRE Game for Crisis-Resilient Curriculum**



*At the Šiauliai workshop. Photo: Eglė Jasutė, CC BY-NC-SA licence*

Ngomhla wama-**26 kuMandulo wezi-2025**, iqembu lase**Vilnius University** lahlela inkuthazakwenza yamahora amathathu e**Šiauliai, Lithuania**, lapho babethula khona abaholi bezikole nabasebenzi basenyuvesi emdlalweni i**SUCRE** serious game, ethuthukiswe ngaphansi kwephrojekthi i-Erasmus+ DECART. Lesi sithangami sasimema ababambiqhaza ukuba bangene ezimweni ezilingisa izimo ezibucayi , balandelele umthelela wazo ezinhlelwenizifundo, futhi badwebe amasu ngokubambisana ukuza basebenzise izinhlelo zokufunda ngaphansi kwezimo zokungaqiniseki. Ngokusebenzisa amakhadi ezimo nezingxoxo zamaqembu, ababambiqhaza bahlole ukuthi ukuqonda ngokufaneleka kungahumusheka kube yizimpendulo eziphusile, bavivinye izisombululo futhi babamba nezinkulumompikiswano mayelana nomthelela walezi zimo ezibucayo ezikhungweni zabo.

Okwenze inkuthazakwenza ihluke bekungesikho ubusha bomdlalo i**SUCRE** kodwa bekungukuzinikela kwababambiqhaza ekufundeni njengeqembu kanye nokudlinza okujulile. Eqhubeka nokusebenza ngokungale kwezinkulumompikiswano ngenjulalwazi, amaqembu akhiqize amasu oguquko lohlelozifundo, lapho abebekwenza bekusekelwe okwenziwa yibo ngqo ngokomdlalo. Ngokugxilisila ukucabanga okufanelekile esimweni esinokuxhumana okuqhubekayo, umcimbi waseŠiauliai uqinisekise inhloso ebanzi yeDECART: **yokuhlomisa imiphakathi yezemfundo ephakeme nemaphakathi** ngezinsiza zokubhekana nezimo ezibucayo, okujulile, nokungacacile. Ngokwenza kanjalo, kube nomthelela ekwakhekeni komfutho obheke ekwakhekeni kwezindlela zokufundisa zangomuso ezihlelwe ngendlela exazulula izinkinga futhi ehlelela nekusasa.

## Ukwethulwa KweDECART Cup



Siyaziqhenya ngokwethula i**DECART Cup** – okuyinhlanganisela yokwase-Europe okuyinkomba yokufaneleka noguquko kwezemfundo ephakeme.
Imele: “**Inkomishi yakho ezamazamiswa okuyingozi, okungaziwa, okuyiziphazamiso, noma ingxubezinkinga**♨.” Nanti ithuba lokubeka ngolwesi-French:
☕ **CAFE** (ikhofi) – *Insiza yokudweba ezemfundo Ezinobuciko, Ezinobulula Nezivumelana nezimol*

🍬 **SUCRE de canne** (umoba) – *umdlalo obalulekile ohlose ukwakha Uhlelozifundo LwaseNyuvesi Olunokufaneleka*
🥛 **LAIT entier** (ubisi olusakhilimu) – *Ubuholi, Ukuhlelemba, Umthelela & Noguquko okuyinsiza yokwakha uhlelozifundo olusha*
– *kugoqozwe ngokhezo lwase-Europe ukuze kugqugquzele futhikuhole uguquko lohlelozifundo*.
Lezi zinsiza zakwaDECART ezintathu ezinamandla zitholakala mahala ku-[www.decartproject.eu](http://www.decartproject.eu).

## IDECART Igubha  #ErasmusDays 2025 eMhlabeni Jikelele

Umgubho we-**#ErasmusDays**, obanjwa emhlabeni jikelele kusukela ngomhla we-**13 kuya kowe-18 kuMfumfu**, ungumgubho womhlaba wonke wokubungaza i-**Erasmus+ Programme**. Le migubho ikhuthaza abantu bonke ukuba bahlangane, babelane futhi bakhangise ngokuthi izinhlelo ze-Erasmus+ zikulekelela kanjani ukufunda, ukuqhubekela phambili, kanye nokuqamba kabusha. Uhlelo ngalunye lwakhiwe ngendlela eqhakambisa izinsiza ezintathu ezibalulekile – **CAFE**, **SUCRE**, ne**LAIT** – nokuthi zibeseka kanjani abaholi bezemfundo, othisha, nabafundi ukuze benze izinguquko ezinomthelela obonakalayo.



*Usuku lwe-Erasmus Day 2025 e-IMTA Atlantique. Isithombe: Siegfried Rouvrais, CC BY-NC-SA licence*

**FR** ku-**IMT Atlantique eRennes**, abafundi abangamashumi amabili abenza unyaka wesine babesebenza ngamaqembu amancane ukuhlola ubulula bezinhlelo zabo ze-Master of Engineering. Ngokusebenzisa uhlelo oluwuhlaka lohlelozifundo i**CAFE**, babeka imibono emisha kubaholi besikole – imibono ezohola izinguquko ohlelweni ezibekelwe unyaka wezi-2026. Lo mcimbi walandela impumelelo yezinsuku ze-Erasmus Days 2024 eNantes lapho insiza yeCAFE yayigxkwezamandla e-Europe.



*Usuku lwe-Erasmus Day 2025 eRU. Isithombe: Haraldur Audunsson, CC BY-NC-SA licence*

**IS** E**Reykjavik University e-Iceland**, sethule umsebenzi weDECARTosukwini lwe-Erasmus Day eRU ngomhla we-**16 kuMfumfu wezi-2025**. Kwakungokokuqala kubanjwa umcimbi we-Erasmus Day eRU, ngakho umthelela we**DECART** ungatholakala nasezindaweni ezingalindelekile. Okwenze lo mcimbi waba mnandi kakhulu ukuthi ihhovisi lezoMhlaba laseRU laletha ikhekhe elikhulu lokwamukela wonke owayehambele umcimbi. **Imidlalo** yethi yezohlelozifundo yethulwa, okuyi**CAFÉ** kwezokudwetshwa kwezinhlelo, i**SUCRE** kwezokufaneleka kwazo, ne**LAIT** kwezoguquko. Uzakwethu uHaraldur Audunsson wayesetafuleni leDECART, exoxisana nabasebenzi befakhalthi ngomsebenzi wethu, kanye namathuba ahlinzekwa wuhlelo lwe-Erasmus.

**FR** E-**IMT Atlantique eBrest**, abaqondisi bezokuqeqeshwa basezikoleni zobunjiniyela zase-IMT eziyi-14 basebenza usuku lonke behlola umdlalo obalulekile weSUCRE. Babhekana nenselelo yokubikezelwa kokuncishiswa koxhasomali ngama-20% kuzwelonke futhi basebenzisa izinsiza ze**CAFE** ne**LAIT** ukuze bakhe izinhlelo ngokuhlanganyela – okwakha ugqozi ngokufaneleka nenqubekelaphambili e-IMT.

**ID** E-**Institut Teknologi Del** e-Indonesia, abaneziqu, abafundi, nabazali bahlangana ukuze bafunde ngomsebenzi weDECART Project ngesikhathi kunomcimbi wokwethweswa kweziqu **weFakhalthi YezobuNjiniyela BezoLwazi neFakhalthi Yezifundo ZamaKhono.** Ababambiqhaza bathokozela imidlalo nokunye okwakwenziwa okwakuthokozisa, baphetha ngokubuyela emakhaya nokunhlobonhlobo okuyizipho zakwaDECART nezakwa-**Erasmus Days** – okwenza umgubho waba ofundisayo futhi nothokozelekayo.






*Umgubho we-Erasmus Days 2025 e-Institut Teknologi Del. Isithombe: Sari Silalahi. CC BY-NC-SA licence*

**FR Ngesikhathi sombukiso iLearning Show 2025 eRennes**, abasebenza kwezemfundo abaphezulu kwamashumi amabili babamba iqhaza kwinkuthazakwenza ngomdlalo we**SUCRE**, lapho babebhekene nezimo zomsuka-nomthelela eziphazamisa izimo zokuqeqesha. Izingxoxo ezazibanjiwe zakhiqiza imibono emisha yokwamukela izinsiza zeDECART emikhakheni ehlukene yezemfundo.

**ZA** E-**UKZN eNingizimu Afrika**, izifundiswa zahambela inkuthazakwenza ngomhla we-**14 kuMfumfu wezi-2025**. Iqembu lase-UKZN lakhuluma ngomsebenzi weDECART Project kanye neminxa yawo emithathu. Lahlinzeka ngesithombemlando ngezinsiza ezithuthukiswe ngalo msebenziand, futhi babalula nendlela abaxhumanisa ngayo **ukudwetshwa kohlelozifundo, ukufaneleka kanye noguquko**. Izinsiza zeWP3, ezifana nohlu lwababambiqhaza, umthelela wababambiqhaza nohlukuthakaseleka, izingxenye zokuguqulwa kohlelozifundo, nohlelo lokuxhumana nababambiqhaza, kwabalulwa njengengxenye yeqhaza eliyingxenye yomsebenzi wezokuguqulwa kohluzifundo oholwa yiqembu lase-UKZN.





*Usuku lwe-Erasmus Day 2025 eUKZN. Isithombe:Cecile Gerwel Proches, CC BY-NC-SA licence*

Kakhulukazi, uhlelo i-**#ErasmusDays**, izinsiza ama-**DECART tools – CAFE, SUCRE, and LAIT** – **kwafinyelela kubantu abaningi emhlabeni jikelele.** Emuva kweminyaka yokucwaninga, ukuvivinya, nokwenza ngcono**,** seziyatholakala mahala ngaphansi **kweCreative Commons license** ukuze abaphathi bezinhlelo, othisha, abaqeqeshi, abafundi, abafundele umsebenzi, kanye nezakhamuzi zonke ezinentshisekelo ngokuguqula ezemfundo zikwazi ukuzithola.

Egameni lawo wonke **amalungu eDECART**, sibonga ngokungaphezi ohlelweni lwe-**Erasmus+ Programme** ngokwenza lokhu kusebenza ngokubambisana emhlabeni jikelele kwaba yimpumelelo!
🌍✨



*PM4@ IT Del with Dr Liem in the middle of front row*, Photo:Arlinta Barus, CC BY-NC-SA licence

## Isikhumbuzo: Dkt. Ir. Inggriani Liem

(Masingana 16, 1953 – Ncwaba 28, 2025)

Umphakathi wezifundiswa uzilile ngenxa yokudlula emhlabeni kuka**Dkt. Ir. Inggriani Liem**, uthisha ohlonishwayo, umcwaningi, kanye nesishabasheki sezobuchwepheshe kwezemfundo. Njengoba ubemele i-**Institut Teknologi Del**, uDkt. Liem ube neqhaza elikhulu emsebenzini we**DECART Project**.

Futhi wayehlonishwe ngendondo ye-**IOI 2022 Lifetime Achievement Award**, kuhlonishwa amagalelo akhe ekuthuthukisweni kwezolwazi ekufundiseni e-Indonesia nasemhlabeni jikelele. Ukuzinikela kwakhe ekuthuthukiseni ithalente elisakhula, ukugqugquzela ubunyoninco, ukusebenzela ukubambisana kushiye umlando ongenakushabalala futhi kube nomthelela omkhulu. Her unwavering dedication to nurturing young talent, promoting excellence, and fostering collaboration has left an enduring legacy of inspiration and impact**.** Ubuqotho, ugqozi, ukuzinikela kuka**Dkt. Liem** kuzohlala kukhunjulwa njalo ngenkulu inhlonipho nokubonga.

## Okushicilelwe


- M. Kanyangale, A. James, C. Gerwel Proches, V. Dagienė, A. Matthiasdottir, I. Liem, E. Jasutė, and H. Audunsson (2026). Facilitating Curriculum Transformation in Higher Education in a Volatile, Uncertain, Complex and Ambiguous World. Article in Acta Paedagogica Vilnensia, Vilnius University Press, 2026.
- E. Stepani Sinambela, A. Barus, S. Rouvrais, A. Sinaga, S. Silalahi, and H. Audunsson (2025). Empowering Curriculum Design Stakeholders with AI in Higher Education. Paper in the 10th International STEM Education Conference (iSTEM-ED): "Education for All". IEEE Education Society. 31-1 August 2025, Chonburi, Thailand.
- C. Gerwel Proches, A. James, M. Kanyangale, H. Audunsson, V. Dagienė, I. Liem, E. Jasutė, R. Waldeck, S. Rouvrais, and Á. Matthiasdottir (2025). Internal Factors Influencing Curriculum Transformation in Higher Engineering Education. Paper in Proceedings of SEFI2025: 53rd annual Conference of the European Society for Engineering Education, "Engineering & Society" theme. Tampere University, Finland. September 15-18
- James, C. Gerwel Proches, M. Kanyangale, V. Dagienė, E. Jasute & R. Waldeck (2025). The Role of Leadership in Curriculum Transformation: Implications for Science, Technology, Engineering, Arts, and Mathematics in Higher Education. Paper in 6th International Baltic Symposium on Science and Technology Education, June 1–19, 2025, Siauliai, Republic of Lithuania.
- R. Waldeck, A-K. Winkens, C. Lemke, C. Leicht-Scholten, and H. Audunsson (2025). Identifying Curriculum Disruptions in Engineering Education through Serious Gaming. Workshop with paper in SEFI2025: 53rd annual Conference of the European Society for Engineering Education, "Engineering & Society" theme. Tampere University, Finland. September 15-18.
- S. Rouvrais, G. Jacovetti, H. Auðunsson, and A. Barus (2025). Curriculum Design for an Expedition Learning Semester on Energy Sovereignty Engineering. Workshop in CISPEE2025: 6th International Conference of the Portuguese Society for Engineering Education. Polytechnic University of Setúbal, Portugal, July 16-18, 2025.


www.decartproject.eu

https://www.facebook.com/decartproject.eu

https://www.linkedin.com/in/decartproject/

https://www.instagram.com/decartproject/


Abasebenzisana neDECART bayakubonga okuwuxhasomali okutholakale ngaphansi kwe-Erasmus+ Programme (inombolo 22022-1-FR01-KA220-HED-000087657)



Ukwesekwa kokukhiqizwa kwaleli bhukumbhalo abeKhomishana yase-Europe akusho ukuthi bayahambisana nokuqukethwe kulo, okuyimibono yababhali, futhi iKhomishana ngeke ibe necala ngokusetshenziswa kokuqukethwe lapha.

Ibhukumbhalo likngaphansi kweCC BY-NC-SA ngaphandle kwamalogo ezikhungo namaphrojekthi angaphans kwe©